KWAZULU-NATAL PROVINCE

AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# Kubizwa amalunga omphakathi azoba yingxenye yesigungu esiphezulu, kwinhlangano ebhekelele ukuthuthukiswa kwemboni yezolimo (ADA), isikhathi esingangeminyaka emithathu.

Lomyalelo ukhishwe uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya, KwaZulu-Natali, uNkk. Thembeni KaMadlopha-Mthethwa. "i-Agribusiness Development Agency (ADA)" inhlangano eyenganyelwe uMnyango wezoLimo, njengokusho kukamgcinimafa kazwelonke.

**Ibhodi ilona komidi elengamela konke okuqhubekayo kule nhlangano kanye nalokhu okulandelayo:**

Ukuqinisekisa ukuthi imithetho kanye ngenqubomgomo yemboni yezolimo ibekwa eqhulwini uma kusetshenzwa ngenhloso yokuwaba umhlaba ngokulingana.

A) Ukuhlonza inqubomgomo, basungule namasu azolekelela inhlangano ukuthi iphumelele.

B) Ukuchushisa ngobuchule ihhovisi likamqondisi ngokugqugquzela ukusebenza ngokuzikhandla ngenhloso yokuqhakambisa inhloso-nqangi yobukhona balenhlangano.

C) Ukudlulisa imibiko kuNgqongqoshe ngezinguquko kanye nezinqinamba ezingaphazamisa inqubekelaphambili kulenhlangano.

D) Ukusebenza ngobunono ukuze kuqinisekiswe ukuphepha kwempahla.

E) Ukuzibophezela ekusebenzeni ngokuthembeka nangokuzikhandla ikakhulukazi odabeni lwezimali zenhlangano.

F) Amalunga anentselelo yokuqinisekisa ukuthi uNgqongqoshe kanye nesiShayamthetho bahlinzekwa ngemniningwane efanele uma idingeka.

## Uhlelo lokuqoka:

**Abazofaka izicelo kulindeleke ukuba:**

- Kube ofanelekile, onolwazi kanye namava emboni yezolimo.
- Imboni yezolimo
- Ngesikhathi sokuhlunga, kuzobhekelelwa ikakhulukazi intsha, abesifazane kanye nabantu abaphila nokukhubazeka.
- Imnyaka emihlanu yamava okusebenza kwahulumeni okanye esikhundleni sobuholi.
- Ukusimamiswa kwamabhizinisi, ezomnotho kanye nezomthetho.
- Yiba isakhamuzi saseNingizimu Afrika.
- Iba umhlali esiFundazweni iKwaZulu-Natali.

**Kuyacelakala ukuba iziphakamiso ezithunyelwe ziphelezelwe ilemniningwane elandelayo:**

- Amagama aphelele, ikheli kanye nezinombolo zocingo noma zenhlangano eyenze isiphakamiso.
- Incwadi eshicileliwe efakazela ukuvuma kwalo oqokiwe.
- Incwadi yokuzichaza, echaza kabanzi ngalo oqokiwe, enemniningwane elandelayo:
- Amagama aphelele, inombolo kamazisi kanye nobulili,
- Ikheli kanye nemininingwane yokuxhumana okungabalwa kuyo: inombolo kamakhale-khukhwini/ yocingo kanye neMeyili.
- Umazisi onesigxivizo sokuqinisekisa
- Iziqu zemfundo eziqinisekisiwe
- Ubufakazi bokusebenza kwaphambilini, okuveza umqashi kanye nemnyaka osuyisebenzile.
- Inmininingwane yabantu ababili kanye nezinombolo zocingo
- Yonke imnniningwane ingalekelela uNgqongqoshe ekuhluzeni abafake izicelo.

**Imigomo nemibandela okumele uyilandele uma ufaka isicelo**

**Izicelo zingathunyelwa kwimeyili ethi:**
nomzamo.mhlongo@kzndard.gov.za, ngaphambi kuka: **16 August 2024 lingakagamanxi ihora lika 12h00**.
Imibuzo ingaqondiswa ku-Nkk Sibongile Mchunu kwi nombolo ethi: 033-355 9687,
meyili: sibongile.mchunu@kzndard.gov.za
noma uNkk. Nomzamo Mhlongo kwi nombolo ethi: 033-355 9687, meyili: nomzamo.mhlongo@kzndard.gov.za

Izimpendulo ziyothunyelelwa kulabo abaphumelele kuphela.